



Ubuhlomisa izingane zethu
ngelikusasa.

Pre SS

Isihloko sesifundo: U Davide noGoliyathi

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya



Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **UDavide noGoliyathi**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi uthule kanjani lesi Sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	<p>Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofaza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS</p>
2.	<p>Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo:</p> <ul style="list-style-type: none"> • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). <p>Qaphela:</p> <p>2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile.</p> <p>2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho!</p> <p><i>Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.</i></p> <p>2.3: Lesisifundo silungele ibanga – Pre-SS.</p> <p>2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho we Pre-SS uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.</p>
3.	<p>Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba uthule ngayo.</p>

Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya



Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezululeko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. Isibonelo: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela.
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo se **Pre-SS** nomunye umndeni osifundayo nawo.
2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.
3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.
4. Khuluma noMxhumanisi webandla lakho noma uThisha bazimisele ukukusiza.



Isifundo

Isihloko

UDavide noGoliyathi

Umbhalo weBhayibheli

1 Samuweli 17

Inhloso yesifundo

Sifunda ukuthi labo abanokholo kuNkulunkulu (bakholelwa futhi bathembele kuNkulunkulu), bazothola usizo lwaKhe. UNkulunkulu unathi futhi akudingeki sesabe.

Yilena indaba:

- AmaFilisti abuthana ukuze alwe nama-Israyeli. Babekleliswe emagqumeni ahlukeni nama-Israyeli ngakwelinye igquma, kunesigodi phakathi kwabo.
- Umdondoshiya, ogama lakhe linguGoliyathi, waphuma ekamu lamaFilisti waphonsela ama-Israyeli inselelo. Wayenobude obungamamitha amathathu futhi wayegqoke izikhali zethusi ezisindayo ezinesisindo esingaba ngama-57 kg nesigqoko sokuzivikela sethusi. Umkhonto wakhe wawunesisindo esingu-7 kg. Amabutho akwa-Israyeli amesaba kakhulu.
- UDavid, indodana kaJese encane kunabo bonke, wayesekhaya, elusa izimvu zikayise. Ngokuvamile kwakudingeka avikele izimvu ekuhlaselweni izingonyama namabhere. Abafowabo abathathu abadala babesebuthweni lakwa-Israyeli.
- Ngolunye usuku uJese wathumela uDavid ukuba ayothatha ukudla kwabafowabo kanye nomphathi webutho. UDavid kwadingeka futhi ukuba abheke ukuthi ngabe abafowabo bayaphila yini.
- Ngesikhathi uDavid ekhuluma nabafowabo, uGoliyathi weza waphonsela ama-Israyeli inselelo futhi. Lapho bebona uGoliyathi babaleka.
- UDavid kuphela owaba nesibindi nokholo lokumelana loGoliyathi. Uhanjiswa enkosini futhi lapho inkosi imnikeza izikhali zakhe nenkomba, kepha uDavid uyengqaba.
- Ngesilingi kuphela ngamatshe amahlanu emfuleni, uDavid wabhekana noGoliyathi owayehlome eyizingovolo. UDavid wayesethi: “Ngize ngegama leNkosi.” UGoliyathi wabe eshlelekisa ngomfana omncane ongumalusi.
- Ngaphambi kokuba uGoliyathi enze noma yini, uDavid wajikijela itshe ngenwayimane yakhe washaya umdondoshiya esiphongweni phakathi kwamehlo. UGoliyathi wawa phansi. Kwajabulisa abantu bakhe, ukuthi uDavid wayehlule uGoliyathi.

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

- UDavid wanqoba uGoliyathi, ngoba wayekholwa futhi ethembele kuNkulunkulu. Wayengasabi ngoba wayazi ukuthi uNkulunkulu uzomsiza.
- Uma sibhekene nezimpi zethu, kufanele silingise uDavid singesabi, ngoba uNkulunkulu unathi. Kholwa njalo futhi uthembele kuNkulunkulu, uzokusiza.
- UNkulunkulu uzosisiza njalo ukunqoba izimpi / izinkinga zethu, uma sinokholo kuYe.



Eminye imibuzo esingayibuza:

1. Ingabe kungani uDavide anqoba impi noGoliyathi ngaphandle kwezikhali na?
Impendulo: Ukholo nokuthembela kwakhe kuNkulunkulu kwamvumela ukuthi anqobe. Ukholo luyisikhali sethu esiyimfihlo.
2. Ingabe kungani uDavide wayengamesabi uGoliyathi, isiqhwaga na?
Impendulo: UDavide wayenokholo kuNkulunkulu futhi wayazi ukuthi uNkulunkulu uzomsiza
3. Ingabe uDavide wahamba nani ukuyobhekana noGoliyathi na?
Impendulo: Wathatha indwayimane namatshe ama-5
4. Ingabe singayinqoba kanjani impi nesiqhwaga / inkinga ezimpilweni zethu na?
Impendulo: Kumele sibe nokholo futhi sikholwe futhi sethembe uNkulunkulu

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen



Notes
